A Ukuya eKanana.

- UNkulunkulu wayalela u-Abrahama ukuba ashiye izwe lakubo aye eKanana. Wamthembisa nezibusiso, ukuhlonipheka, kanye nokuvikelwa (Genesise 12:2-3). Okunye, u-Abrahama wayeyoba yisibusiso kwababemzungezile, nakuzo zonke izizwe [ngenzalo yakhe (Genesise 22:18; KwabaseGalatiya 3:16)].
- Okokuqala, u-Abrahama kwakumele ashiye izwe lamaKhaledi [elalihlobene kakhulu neBhabhulona (Genesise 15:7; Isaya 13:19a)] aye afike eKanana (Genesis 12:5b).]
- Nathi sibizelwe ukuba sishiye izimfundiso zamanga "zaseBhabhulona," nanokuthi sihloniphe imiyalelo kaNkulunkulu ngokwamukela insindiso esiyinikwa nguYena (Isaya 48:20; Jeremiya 50:8; Isambulo 18:2, 4).

B Ukwehlela eGibhithe.

- Lapho u-Abrama efika eKanana, wahlala phakathi kweBetheli kanye ne-Ayi wakhela uNkulunkulu i-altare (Genesis 12:8). Konke kwahamba kahle! Kodwa "kwakukhona indlala ezweni." U-Abrama waguquka kanjani?
- Ukuhamba ngokholo
  - Ukushiya i-Uri aye eKanana (Genesise 15:7)
  - Ukwethemba uNkulunkulu (Genesise 12:4)
  - Ukuba yisibusiso (Genesise 12:2)
- Ukuhamba lungekho
  - Ushiya iKanana aye eGibhithe (Genesise 12:10)
  - Ukuzethemba yena (Genesise 12:13)
  - Ukuba yisiqalekiso (Genesise 12:17)
- UNkulunkulu akamshiyanga u-Abrama yize esengenalo ukholo. U-Abrama wayefanelwe yisijeziso, kodwa uNkulunkulu wambonisa umusa. Wona lowo musa usekhona nakithi namuhla.

C Ukubuyela eKanana.

- UNkulunkulu wanika u-Abrama ithuba lokuqala uhambo lwakhe futhi, kulokhu esefunde nesifundo esisha.
- U-Abrama wayengasayesabi indlala noma azethembe. Wayeseqonda ukuthi uNkulunkulu uyohlala njalo enaye noma kungenzekani. Ngakho-ke, wavumela uLoti ukuba akhethe kuqala lapho kuba nengxabanyo (Genesise 13:5-11).

D Ukusindisa uLoti.

- U-Abrama wakhonza uKhedolawoma kanye nababenaye iminyaka eyi-12. Kwase kuthi, inkosi yaseSodoma kanye nababenayo bamvukela (Genesise 14:1-4).
- Iziphathi mandla zangaleso sikhathi zazilwela izwe. U-Abrama wayengathathi hlangothi. Kwazise, wayazi ukuthi ilizwe lalingelakhe ngoba uNkulunkulu wayemnike lona.
- Yilapho kuphela athola khona ukuthi umzalwane wakhe uLoti wayethunjiwe, "Ngokufuna, kuqala, iseluleko sikaNkulunkulu, u-Abrahama walungiselela impi." (E.G.W. "Patriarchs and Prophets," p. 135).
- Sibonga UNkulunkulu, amadoda angama-318 amsindisa uLoti axosha ibutho laya eDamaseku. UNkulunkulu wadunyiswa.

E Ukubonga uNkulunkulu.

- UMelkhizedeki uyisifanekiso sikaKristu (KumaHebheru 5:10; 7:3). UJesu "uyiNkosi yokuthula" (Isaya 9:6). Uyobuya masinya ukuba alethe ukuthula emhlabeni, kanye nokwamukela bonke abathemba uNkulunkulu futhi banqoba (1 KwabaseKorinte 15:57; 1 Johane 5:4; Isambulo 15:2).
- U-Abrama wabonisa ukubonga kwakhe kuNkulunkulu ngokubuyisela okweshumi kwakho konke ayemnike khona. Wayeyisibonelo kwabanye, eba ngufakazi kaNkulunkulu ngesikhathi sakhe.